# UJesu Emnyango

Ngiyabonga. Asibe silokhu simile nje umzuzwana ngomkhuleko uma nithanda, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

2 Nkulunkulu oPhakade noBusisiweyo, siza eBukhoneni baKho obuNgcwele ukunikela kuWe ukudumisa kwezinhliziyo zethu, siKubonga futhi siKudumisa ngalokho Osenzele khona. Asizifanele izibusiso Osiphe zona.

3 Sizokhuleka ukuthi Uzosihawukela futhi welule izibusiso zaKho kithi kulobubusuku. Nkosi, ungabuki izono zethu, kodwa buka ukukholwa kwethu okubuka kuKristu, Owayeyisimbelo sethu sesono, Othethelela zonke izono zethu futhi ophulukisa zonke izifo zethu, futhi siyakholwa kuYe, Nkosi, futhi siyaMthanda. Futhi siyazi ukuthi uthando lwaKho lwaMveza kithi.

> *Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kepha abe nokuPhila oku*Phakade.

4 Lokho esikwenzayo, Nkosi. Futhi lobu, ubusuku bokuvala balombuthano wobusuku obubili lapha kulelidolobha elithandekayo, siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngandlela thize ukuthi Uzosithethelela ubuthakathaka bethu, futhi uzothatha iziMbewu etshaliwe, futhi kwangathi Zingakhula zibe ngamasimu amakhulu emiphefumulo. Siphe khona, Nkosi.

5 Sisize manje kulobubusuku. Simi lapha singazi nje ukuthi senzeni noma sithini, kodwa sethembele kuWe, uMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, Osinike isithembiso uma besiyovula imilomo yethu, Ubuyowugcwalisa. Futhi siyakholwa ukuthi iZwi laKho liqinisile.

6 Busisa lababantu, busisa abefundisi, namabandla abo, nabobonke abantu abangafundele lutho, nalabo abasivumele sibe nesakhiwo, isikole, futhi sonke kanyekanye kwangathi thina sibe. . .kwangathi kungaba yisibusiso esikhulu ngoba sihlangene ndawonye. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

7 Ningahlala phansi. UMnu. Sweet ubesho nje ukuthi bangithathele umnikelo omncane wothando, ngiyakuthakasela lokho. Angizelanga lokho, kodwa ngiyakuthakasela; izindleko zami aziziningi kakhulu. Ngasebenza iminyaka eyishumi nesikhombisa ngenkathi ngelusa ibandla lamaBaptisti futhi angizange ngithathe ngisho indibilishi e. . .Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, qobo lwami, angikaze ngithathe

umnikelo empilweni yami. Futhi, izindleko zami aziziningi kangako, zigijima cishe amadola ayikhulu ngosuku ehhovisi lami, nasekhaya, nokunye nokunye.

8 Manje, lokho kungahle kubonakale njengokuningi kakhulu kwabanye. Kodwa ucabanga ukuthi u-Oral Roberts zigijima kuphi ngosuku na? Kungaba yizinkulungwane eziyishumi ngosuku, noBilly Graham ngezinye izikhathi ugijima ezinkulungwaneni ezingamashumi amabili-nanhlanu ngomzuzu ekusakazeni kwakhe, nezinto, ngakho, niyabo, lokhu kuncane kakhulu.

9 Kodwa ngiwugcinile umsebenzi wami kancane, futhi kabushelelezi, ngokuthobeka, ukuze ngikwazi ukuza emaqenjini amancane njengaleli, futhi ngikhonzise. Niyabo, uma kwenyukela lapho ebengifanele ngibe nesikhathi somsakazo esiningi, nethelevishini, amahhovisi amakhulu, nezinto, obekungenzeka, khona-ke bengingeke ngiholwe njengoba nginjalo manje ukuya kwabahlanu, noma abayisithupha, kumbe noma yini; futhi ngishumayele phambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngesikhathi esisodwa. Niyabo?

10 Futhi uma iNkosi ifuna ngiye phesheya kwezilwandle, khona-ke Ivele nje. . . ngandlela thize, omunye uyakuxhasa, futhi ngiya phesheya kwezilwandle, nezinkulungwane zabantu emihlanganweni emikhulu yedolobha lonke, Uyabangenisa nje, ngandlela thize, ukuthi angidingi ukuqhubeka nalokho. Ngakho, kuyimpilo ethandekayo ngempela nje ukuphila ngokukholwa.

11 Futhi ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu ungivumele ukuba ngize futhi ngibe nalesisikhathi senhlanganyelo kanye nani bantu. Ngiyethemba ngelinye ilanga ukuthi siyobonana futhi, uma kungasekho lapha, ngizohlangana nani Laphaya, ngomusa kaNkulunkulu, lapho sekuphele konke. Futhi niyozwa lapho ngihlangana nani lapho, ngizoba nalobubufakazi obufanayo enginabo khona manje: Usalokhu enguye.

12 Futhi manje, ngizobe nginikhulekela, ningikhulekele. Futhi ngifuna ukunibonga ngomnikelo omncane wothando. Futhi nokho, nginomndeni, abantwana abathathu nonkosikazi, futhi ngakho sinehhovisi, sinezindleko zethu, futhi iviki ngalinye sithumela izinkulungwane zezindwangu ezigcotshiwe emhlabeni jikelele, nezincwadi ezivela ezizweni eziningi.

13 Sinakho, ungazibonela nje, sinamafoni amane engingaphendula ngawo, futhi ngezinye izikhathi balinganisa cishe izingcingo zamabanga amade ezingamashumi amane nambili ngehora. Niyabo? Lokho yimini nobusuku. Futhi ungazibonela nje ukuthi kuyini, kungubunzima obukhulu. Ubungasibona isithombe sami cishe eminyakeni eyisishiyagalombili eyedlula, futhi namhlanje ubungeke wazi

ukuthi bekungumuntu ofanayo, ngenxa yobunzima, njalonjalo, ubusuku nemini, ngaso sonke isikhathi.

14 Kodwa into eyodwa, omunye wangibuza, wathi, "Mfowethu Branham, uzophumula nini na?"

Ngathi, "Lapho ngiwela iJordani, kuyoba nokuphumula laphaya kwami."

15 Manje, ubusuku buyeza, ngifanele ngisebenze kanzima manje. Sebenza nami ngokungikhulekela futhi ucele uNkulunkulu angisize ukuba ngenze okwedlula konke engikwaziyo ukuthi ngingaMzuzela kanjani imiphefumulo.

16 Futhi ngifuna ukubonga isikole, uma abanye babagcini kungenzeka babe seduze, abasivumele saba nalendawo, ngiyakuthakasela. Ngibonga a—amabandla abe ngabaxhasi bethu, abelusi, impela siyakuthakasela lokho, bazalwane. Mhlawumbe angikaze ngihlangane nawe empilweni yami, ungahle ukuba ubusengqungqutheleni ndawondawo, kodwa ngiyakuthakasela.

17 Ngiyazi edolobheni esizweni esinobuhlakani esiphila kuso, ukusho ukuthi welula izandla zakho bese uthi, "Lapha ngiyakholelwa kulokhu ukukuxhasa," kuyisinyathelo esikhulu kakhulu. Ngineqiniso ukuthi uNkulunkulu uzonivuza ngokucebile ngalesisinyathelo enisenzile ekusekeleni. Ngiyabonga ngamunye ngamunye.

18 Futhi manje, asikhothamise amakhanda ethu futhi ukuba sicele uMqalisi ukuba asihumushele iNcwadi.

19 Nkosi, Leli yiZwi laKho. Futhi ngikhathele kulobubusuku, Nkosi, lokhu kucishe kube ngubusuku obungamashumi amathathu obulandelanayo, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzongisiza, ngandlela thize, ukuthi ngingahle nje ngithobele kakhulu uMoya waKho, ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha amazwi bese uwabeka ngqo phandle lapho engawakhona. Siphe khona, Nkosi.

20 Thola udumo ngandlela thize emizamweni esiyivezayo. Busisa abantwana baKho, babuthene lapha kulobubusuku kungesikho okwenye inhloso kodwa ukukhonza Wena. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzoza futhi usivumele sikhonze Wena. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

21 Ngikhethe kulobubusuku nje encane, indikimba ejwayelekile etholakala ngapha eNcwadini yeSambulo, futhi yisahluko 3 nevesi 20:

> *Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.*

22 Lena kunalokho yindikimba engajwayelekile, kodwa, niyazi, uNkulunkulu akajwayelekile, Wenza izinto ngezindlela ezingejwayelekile. Futhi akusiwo umBhalo omkhulu kangako

ukuba ufundwe, kodwa kukhona okwenele phakathi lapho, uma uNkulunkulu ezoWenza wembulwe kithi, owenele insindiso nokuphulukiswa kwalo lonke izwe, UyiZwi likaNkulunkulu eliPhakade.

23 Nokufundwa komBhalo, kubekwe ngokwendawo eyiyonayona kulobubusuku, kusoNyakeni weBandla laseLawodikeya; engikholwa ngeqiniso ukuthi siphila kuloNyaka weBandla laseLawodikeya. Ngikholwa ukuthi wonke umfundisi nomfundi weBhayibheli kulelidolobha, uma bebelapha kulobubusuku, noma esizweni, bebeyovuma ukuthi lomlayezo wawuya eBandleni laseLawodikeya, okungunyaka webandla wokugcina, eliba sivivi, lingashisi lingabandi, noNkulunkulu wayezolihlanza liphume emlonyeni waKhe, ngokokufundwa.

24 Futhi yi. . . Ukuhlelwa kokufunda akwejwayelekile, ngoba nguMuntu othize ongqongqotha emnyango. Angikwazi nje ukukhumbula manje, u—umdwebi owadweba lesosithombe esidumile sikaJesu engqongqotha emnyango, kodwa ngiyakhumbula ngithatha umlando walesosithombe, ukuthi sadwetshwa kanjani. Ngiyazi ukuthi kwabiza ingcweti yomGreki, o, iminyaka eminingi yempilo yayo ukwenza lesisithombe. Futhi zonke izithombe ezidumile, ngaphambi kokuba zifakwe *ehholo* e, noma, ziphanyekwe ehholo lodumo, zifanele zedlule ehholo labagxeki kuqala.

25 Isithombe esihle kanje pho seBandla! Ngaphambi kokuba iBandla lize likhishwe kubagxeki, Lizofanele ledlule kubagxeki kuqala, bese-ke Liyiswa oHlwithweni enkazimulweni emva kokuba Limele ukuvivinywa kokugxekwa.

26 Futhi bekufanele kwenze wonke umKristu ajabule kulobubusuku ukwazi ukuthi ungaphila kanjalo kulomhlaba, kungesikho ukuba ngowomhlaba, umhambi nje nomfokazi, ogogobeleyo lapha, sazi lokhu, ukuthi ifa lethu—lethu alisilo elalelizwe, uMbuso wethu awusiwo owalelizwe, ungoweZwe elizayo; sazi lokhu, ukuthi siphila kulokho abakubiza ngo “suku lomuntu.” USuku lweNkosi luzofika, lolo kuzoba uSuku lweBandla laYo; zonke lezizinto zisemhlabeni futhi ziyobhubha.

27 Futhi qaphelani ukuthi iNkosi yethu yathini: “Bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa.” Yonke indodana eza kuNkulunkulu imelwe ukuvivinywa kuqala, ilaywe, ukuqeqeshwa komntwana, akukho-kukhetha, yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe. Futhi uma singenakukumela ukulaywa, khona-ke umBhalo uthi siba ngabantwana besihlahla, futhi hhayi abantwana bakaNkulunkulu.

28 Futhi akusiwo yini umuzwa omuhle ukwazi ukuthi umusa kaNkulunkulu uthwale abanye benu lapha eminyakeni engamashumi amabili namashumi amathathu yokuvivinywa

nokuhlushwa na? UNkulunkulu wakwenzela lokho, kukhombisa ukuthi ungumntwana wangempela kaNkulunkulu, futhi Ukuthathe wakungenisa enhlanganyelweni yaKhe. Ngelinye ilanga ebusweni bawo wonke okugxekile, uyokhazimuliswa futhi wenziwe umzimba ofana nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo ekuFikeni kwaKhe; silindele lelothemba elibusisiwe.

29 Bese kuthi-ke, lesisithombe esikhulu, njengoba sasidlula kubagxeki, kwakukhona umgxeki oyedwa ogqamile owafika wayesethi, "Mnumzane, ngicabanga ukuthi isithombe sakho sikaKristu sihle. Futhi ngicabanga ukuthi umnyango, nokuhleleka, futhi eza ebusuku ebumnyameni futhi engqongqotha emnyango, ngicabanga ukuthi lokho kufanelana impela neZambulo 3:20. Kodwa," wathi, "kunento eyodwa nje okhohlwe ukuyenza, mnumzane."

Futhi umdwebi wathi, "Kungaba yini lokho na?"

Wathi, "Ukhohlwe ukufaka isibambo emnyango. Uma umuntu ubeyothi 'Ngena,' Ubengangena kanjani lapho kungekho sibambo saKhe ukuba angene ngaso na?"

"O," umdwebi wathi, "Ngasidweba kanje, uyabo, e. . . kuloludaba isibambo singaphakathi."

30 Futhi kungaleyondlela, isibambo singaphakathi, uKristu ungqongqotha emnyango, kodwa *wena* ufanele uvule umnyango, Angeke amelane nentando yakho. Ukunika ikhono lokuMngenisa, kodwa Uzo . . . angeke aZiphoqe angene, ngokuba akukho-sibambo saKhe ukuba angene ngaso, ufanele uvule umnyango.

31 Futhi khona-ke ubeyongqongqothela ini noma ubani emnyango na? Bekuyoba yini injongo yomuntu othile engqongqotha emnyango na? Ukuzama ukukwazi ukungena ngaphakathi nomlayezo, nesipho, noma nomyalo, noma into ethize lowo ongqongqothayo uzama ukungena ngaphakathi ukubona ukuthi ubani ongaphakathi. Futhi lokhu kwenziwe ngabangane nezitha onyakeni.

32 Isibonelo nje, ukuba-ke izinsuku ezinkulu zikaKesari Awugustu omkhulu, ukuba-ke wayekade ehlele kwenye yezindlu zabantukazana eRoma, futhi ubeyongqongqotha emnyango walona ompofu, ophansi kakhulu kwengxenye eyimfucumfucu yedolobha, lapho abampofu babehlala khona na? Futhi u-Awugustu omkhulu wayezokwehla futhi angqongqothe emnyango womunye umuntukazana ompofu, nomuntukazana wayeyoya emnyango, futhi avule umnyango, futhi nakho kumi uKesari omkhulu, ucabanga ukuthi lowomuntukazana ubeyocabangani na? "Mina, indoda empofu, kul'khuni ukuthi ngazi ukuthi kutholakala kanjani ukudla okukodwa kuya kokunye, futhi nangu umbusi wesizwe emi emnyango wami!"

33 Ukuhlonishwa okunje pho obekuyoba yikho kumfokazana, umuntu ompofu, ngoba uKesari wayeyindoda ebaluleke kakhulu ezweni lonke lamaRoma, ngakho kwakuyoba ngukuhlonipheka okukhulu kuyo.

34 Manje, futhi ngakho ubeyothi, "Mbusi omkhulu, ngena ekhaya lami elithobekile. Uma kukhona noma yini ekhaya lami oyifisayo, ingeyakho, ungaba nayo. Uma kukhona noma yini engingayenza ukusiza umbusi wami omkhulu, lokhu ngizokwenza." Ngoba kungukubaluleka komuntu emnyango, okwenza kube yikho ngempela.

35 Noma ukuba-ke maduzane nje eJalimane, lapho u-Adolf Hitler ongasekho, umbusi omkhulu waseJalimane, ukuba-ke ubehlele kwenye yendlu yesosha lakhe, isosha elihamba ngezinyawo elincane nje, futhi ubengqongqothe emnyango, nesosha elincane beliyohamba futhi liqalaze efasiteleni, futhi beliyobona ukuthi bekunguHitler emnyango walo, indoda enkulu kunawo onke eJalimane, imi emnyango wesosha elihamba ngezinyawo na? Ngani, ngokushesha beliyovula umnyango, futhi nge, linake, nangendesheni yaseJalimane.

36 Futhi khona-ke beliyo, mhlampe, guqa ngedolo lalo futhi lathi, "Mbusi omkhulu waseJalimane, uhloniphe indawo yami encane yokuhlala! Ngena, mnumzane onomusa. Futhi uma kukhona noma yini endlini yami oyifunayo, ingeyakho. Ngihlonipheke kakhulu ukuba nawe, ndlovu kayiphikiswa omkhulu waseJalimane, ukuba ungene endlini yami, noma ngisho uze egcekeni lami futhi ungqongqothe emnyango wami." Impela, bekuyoba ukuhlonipheka okukhulu, futhi beliyovumela uMnu. Hitler angene, nanoma yini ayeyifisa, wayengaba nayo.

37 Futhi kulobubusuku, uma uMongameli wethu othandekayo uDwight Eisenhower ubeyoza endlini yomDemokrati obedlula bonke okhona kulelidolobha, futhi angqongqothe emnyango, ungahle wehluke kuye kwezombusazwe, kodwa bekuyoba ngukuhlonishwa ukwazi ukuthi uDwight Eisenhower ungqongqothe emnyango wakho, noma yimuphi umuntu lapha, kunjalo, ngoba ungomunye wabaseMelika abakhulu kunabo bonke okhona, ungumongameli wale-United States. Futhi umDemokrati omuhle ubeyozizwa ehloniphekile ukuba noDwight Eisenhower emnyango wakhe.

38 Noma kuthiwani uma indlovukazi yaseNgilandi esanda kuvakashela eCanada, khona-ke yehlele e-United States, futhi kuthiwani ukuba ibize lapha futhi yehlela emjondolo omncane, lapho mhlawumbe bengiyohlala lapha, noma i, asithi umuntu ompofu kunabo bonke edolobheni, futhi ibiyozithoba, futhi ibiyongqongqotha emnyango, noma ibiyongqongqotha emnyango wakho, futhi ubuyoya lapho emnyango futhi wabona ukuthi bekuyindlovukazi yaseNgilandi na? Ngani, ubuyozizwa uhloniphekile, ngoba ingowesifazane omkhulu.

39 Ngake ngayibona kanye, ngabona endala, indlovukazi engumama, ngakwazi ukubabona ngenkathi uKing George, ngenkathi nje wayesenesifo sakhe sokuqina kwemithambo emininginingi, ngaphambi kokuba athumele kimi ukuba ngize ngimkhulekele. Futhi ngenkathi bedlula behla ngesitaladi eCanada, futhi ngimi lapho, kwakukhona indlovukazi igqoke eyayo enhle, ingubo eluhlaza okwesibhakabhaka, noKing George nezakhe, ehlezi eqondile, ephethwe yizilonda esiswini sakhe nokuqina kwemithambo, abathi wayegula kakhulu ngalolosuku, kodwa wawungeke ukwazi, wahlala nje waqonda ngqo. Ngani na? Wayeyinkosi, futhi waziphatha njengenkosi.

40 Futhi ngaqaphela uMnu. Baxter, owayevame ukuba ngumphathi wami womkhankaso, wavele wakhala izinyembezi ngenkathi ebabona bedlula. Ngase ngithi, "Ernie, ukhalelani izinyembezi na?"

Wathi, "Billy, nakho kuhamba inkosi nendlovukazi!" Wathi, "O, abathandeki na?"

Ngathi, "Yebo, Mnu. Baxter, bayathandeka."

41 Kodwa ngacabanga, "Uma isikhonzi sikaKing George besiyozizwa ngaleyondlela ngenkathi edlula, kuyoba njani lapho uJesu efika, iNkosi yeNkazimulo na? Izikhonzi zaKhe ziyozizwa kanjani lapho Edlula na?"

42 Izikole zazidedele abantwana abancane baphuma, futhi babanika amafulege amancane, futhi babatshela . . . amancane, amafulege aseBrithani. Futhi babefuna ukuba ngabashisekela izwe, babefuna ukumenza amukeleke; wayengqongqothe emnyango wesizwe. Futhi uthisha wakhipha abafo abancane, futhi baphumela esitaladini, lapho inkosi idlula babephephezelisa elabo elincane, iflege laseBrithani ukukhombisa ukuthi babethembekile kuyo njengenkosi.

43 Futhi isikole esithize, umntwana oyedwa omncane akabuyanga, ngakho uthisha wagijimela ezitaladini ebheka ukubona ukuthi umntwana wayekuphi. Futhi wathola lentombazanyana yencike esigxotsheni setelegrafu nje ikhala izinyembezi ngenhliziyo yayo encane. Futhi uthisha wathi, "Yini indaba, s'thandwa na?" Wathi, "Awukwazanga yini ukuphephezelisa iflege lakho na?"

Futhi yathi, "Yebo, Thisha, ngi—ngiliphephezelisile iflege lami."

Wathi, "Awu, ngabe i—inkosi yedlule ngalendlela na?"

Yayisithi, "Yebo, Thisha, inkosi yedlule ngalendlela."

Awu, wathi, "Ukwazile ukuyibona inkosi na?"

Yathi, "Yebo, Thisha, ngiyibonile inkosi."

"Awu," wathi, "ukhalelani-ke, s'thandwa na?"

Yathi, "Uyazi, ngimncane kakhulu, ngiyibonile inkosi, kodwa inkosi ayingibonanga." Futhi yayiphazamisekile.

44 O, kwehluke kanjani ngoJesu! Akunandaba ukuthi umncane kangakanani, ukuthi umpofu kangakanani, noma yikuphi ukukhonza okuncane, Uzokubona.

45 Nalendlovukazi enkulu, indodakazi yakhe, ukuba ibiyoza endlini yakho, owesifazane walolohlobo, futhi ibiyozithoba ukuba ize emnyango wakho futhi ingqongqothe, futhi ubuyokwazi ukuthi ibingubani, ubuyothi, "O, Ndlovukazi enkulu," nokho awusiso isikhonzi sayo, kodwa, "ngena, wamukelekile endlini yami. Futhi noma yini ephakathi lapha, ungaba nayo."

46 Akunandaba ukuthi ububenza igugu kangakanani ubucwebe obushibhile obuncane, bekuyoba ngobayo, ngoba ubuyozizwa uhloniphekile uku—ukunikela lokhu, nakuba ucabange kakhulu ngakho. Ubuyokunikela endlovukazini enkulu yaseNgilandi, bekuyoba u—bekuyoba ukuhlonishwa kuwe.

47 Futhi uma ibiyozithoba kanjalo, onke amaphephandaba emhlabeni jikelele abeyokuqukatha: "Indlovukazi enkulu yaseNgilandi izithobile futhi yaya eNew Haven, eConnecticut, futhi kumuntu ompofu kunabo bonke owayekhona lapho, futhi yangena ekhaya labo." O, ithelevishini ibiyokuqukatha, yonke imisakazo ibiyokusakaza, bekuyoba kwi-Associated Press, impela, "Izithobile."

48 Futhi noma yini ebisendlini yakho, ibiyomukeleka kuyo; ubungeke uyixoshe, impela qha, ngoba ibaluleke kakhulu. Kodwa ngifuna ukunibuza okuthize: Ubani obaluleke ukwedlula uJesu na? Ubani obengaba ngobaluleke kakhulu na? Futhi ubani oxoshwa kakhulu kunoJesu na? Uxoshwe kakhulu kunanoma ubani owake wajikiswa kunoma yimuphi umnyango. Futhi Akafuni ukuthatha lutho kuwe, Ufuna ukukunika into enhle kunazo zonke ongake ube nayo: UkuPhila okuPhakade, futhi nokho Uyaxoshwa; Ufuna ukukuphulukisa lapho ugula, kodwa Uyaxoshwa. O, Ufanele ukuthi uzizwa kanjani!

49 Uma ngingqongqothe emnyango wakho, futhi ubuyongingenisa, bese uthi, "Mfowethu Branham, ngena endlini yami. We—wemukelekile nje lapha, ngingajabula ukuba uvakashe kanye nami." O, bengiyokuthokozela lokho, bese kuthi-ke bengiyozizwa ngisekhaya. Bengiyongena ngqo futhi uma bengifuna ukukhumula izicathulo zami, ngilale nginqume embhedeni, bengiyokwenza kanjalo. Uma bengifuna ukungena efrijini, futhi ngizenzele isemishi elikhulukazi futhi ngilidle, bengiyozizwa ngamukelekile. Bengiyovele nje ngiqhubeke futhi ngizenze ngibe sekhaya.

50 Kodwa lapho uJesu engena, Akamukelekile. Manje ngifuna ukunibuza okuthize. Wena uthi kimi, "Mfowethu Branham,

sengivele ngimvumele uJesu enhliziyweni yami kudala." Awu, impela ngiyakuthakasela lokho, lokho kuhle kakhulu. Kodwa ngabe uMngenise nje njengendawo yokuphuma ephuthumayo yomlilo na? Ngabe uMngenise ukuba akusindise esihogweni na? Noma ngabe uMngenise ukuba abe nokulawula okugcwele enhliziyweni yakho, ukuba emukeleke na?

51 Abantu abaningi bazoMngenisa emnyango, kodwa ngeke baMvumele abe yiNkosi. *INkosi* ngu "mbusi, ubunikazi, umnikazi." Abantu bavumela uJesu angene, "Angifuni ukufa ngingasindisiwe, Nkosi, angifuni ukuya esihogweni sikadeveli, ngakho ngizoKwemukela njengoMsindisi oqondene nami." Kodwa lapho Engena, Angaba yiNkosi phezu kwendlu yakho na? Ngabe Wemukelekile na?

52 Manje nakhu lapho engifuna ukukhuluma khona okwemizuzu embalwa elandelayo: Enhliziyweni yakho unenqwaba yamancane, amakhosomba ayimfihlo ongafuni uJesu angene kuwo, leyo yiminyango emincane ngaphakathi komnyango.

53 Manje, njengoba ujika ikhona ngakwesokudla, emva kokuba usungenile, lapho uJesu, uyaMemukela phakathi njengoMsindisi wakho, kodwa ubuyothi, "Manje buka, Jesu, Wena yima khona *lapho*. Ungahambi uyozigaxa ezindabeni zami manje, kumbe noma yiyiphi yezinhlangano zami zemiphakathi, noma ungitshela ukuthi ngifanele ngenzeni noma ngithandeni, engifanele ngikugqoke, noma engifanele ngikwenze. Hlala khona *lapho*, ungangivumeli ngiye esihogweni. Kulungile, Wena hlala *lapho* nje, kodwa ungagxambukeli empilweni yami yangasese."

54 O, thina ngamunye sinempilo encane yangasese engeyethu sonke uqobo, futhi asifuni-muntu ophazamisa lokho. "Nginemibono engeyami yezinto, ngakho Wena vele udede nje."

55 Manje, ubuyozizwa ukahle uma uza endlini yami, bengizothi. . . "Mfowethu Branham, ngangisemhlanganweni wakho—wakho eNew England."

56 Ngiyothi, "Unjani na? Ngena." Awu, uma-ke u. . . Ngiyothi, "Kodwa unganyakazi *kule*ndawana, hlala khona *lapha*, ungagxambukeli phakathi lapha, noma yikuphi"?

57 Ubuyozizwa ungamukelekile, mhlawumbe ubuyobuyela emuva uphume ngomnyango. Futhi angazi noma leso akusiso yini isizathu sokuba size futhi sithole konke kusetshenziwe ngesikhathi semvuselelo, bese kuthi-ke emva kwesikhashana sizithola sibuyela ngqo ezweni futhi, yingoba asimvumeli uJesu abe yiNkosi yempilo yethu. Ngeke siMvumele. . . sinikele ngempilo yethu yangasese futhi sonke—sonke siphezu kwaKhe. Yilokho Akufunayo kukho, ngukulawula wena.

58 Futhi into yokuqala, uma sithi, "Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo! Angifuni Wena wenze lokho. Awu, ngidlala amakhadi, kodwa ninga—ninga—ningakwenzi lokho. Ngi—ngi—ngi—ngi—ngi—ngingowesifazane, ngi—ngigunda izinwele zami, kodwa ngiyazi ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi kungenziwa, unga—unga, qhabo, ungangitsheli lokho," niyabo, "Ngifaka ubuqhathanzipho," noma ngabe yini abayibiza ngaleyonto oyifaka ebusweni bakho, "Ngiyazi abesifazane abakwenzi lokho, abafanele ukwenza lokho, iBhayibheli lathi abafanele, kodwa manje, kodwa ungangitsheli ngalokho manje," into yokuqala niyazi, Uyaphuma ngqo emnyango futhi, futhi usesimweni esifanayo owawukuso ngaphambi kokuba Angene emnyango, Akamukelekile.

59 "Manje, ungangitsheli ukuthi kuzongilimaza ukuya emdansweni omncane njalonjalo. NabakwaJones nathi sonke siza ngapha, ngibe namabhodlela ambalwa amancane nje kabhiya nesiphuzo sokuzijabulisa ngosuku lukaKhisimusi, kanjalonjalo, manje, ungahambi uyophazamisa lokho." Niyabo? Uphuma ngqo emnyango. Yingalesosizathu ukuthi sinenkathazo emabandleni esinayo, yingoba si . . . uJesu, bayaMemukela njengoMsindisi . . .

60 Maduzane nje lapho omkhulu, umshumayeli odumile, uBilly Graham, nezindlela zethu siwelele izikhathi eziningi phesheya kwezilwandle, sithatha inkundla yezemidlalo efanayo, kodwa angizange ngibe nenhlanhla yokumxhawula aze afike eLouisville, eKentucky.

61 Futhi uDkt. Mordecai F. Ham, ongumngane wami wesifuba, omdala, umngane ongumshumayeli oyiBaptisti, ukuthi sazihlanganisa ndawonye kusukela ngisengumfanyana, uBilly, ungomunye wabakhe abaphendukele kuKristu, ngakho ngangidla ukudla kwasekuseni noMordecai Ham, no—noBilly wehla emva kokukhuluma nokuhhala abashumayeli phezu kwamalahle cishe ingxenye yehora, futhi ebatshela ukuthi babevilapha kanjani, futhi bengaphumanga futhi basebenze, futhi babeka izinyawo zabo phezu kwetafula, noma, phezu kwedeski labo, kanjalonjalo, futhi ubanika okuhle ngempela, ukubhula kweVangeli okudala. Futhi ngethulwa ngaleyonkathi kuBilly Graham, indoda emangalisayo, inceku enkulu kaKristu.

62 Futhi uBilly wathatha iBhayibheli, futhi washo kanje, wathi, "Nasi isibonelo sobuKristu: UPawulu wangena edolobheni futhi waba noyedwa ophendukile, ngonyaka ozayo ngenkathi ebuya, lowo ophendukile wayezuze amashumi amathathu." Wathi, "Ngingena edolobheni futhi ngibe nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amabili, ngibuye emva konyaka futhi angitholi amashumi amabili." Uthi, "Kwenzekeni na?" Wayekubeka kubashumayeli.

63 Ngacabanga, "Mnu. Graham, unesigaba sakho uqobo

osebenza kuso, ugcotshiwe njengoba uJohane umBhaphathizi wayenjalo, engenzi-zimangaliso kodwa eshumayela iVangeli." Olandela uJohane kwafika uKristu, hhayi umshumayeli onamandla, kodwa izibonakaliso ezinkulu nezimanga, uKristu akazange adonse izixuku ezenziwa nguJohane. Kodwa ngacabanga ngalowomoya ophezu kwakhe, uhamba njengoba wawunjalo kuJohane.

64 Ngacabanga, "Nakhu lapho okukhona, mnumzane: Niyabo, ngaphansi kwamadlingozi ezixuku ezinkulu, nabantu bangena futhi bemukele uKristu, kodwa ngeke baMvumele abe nelungelo lendlela enhliziyweni yabo, baMbuyisela emuva futhi, 'Ungazilulazi ngempilo yami yangasese manje.'"

65 Lapho uMoya oNgcwele ethi akulungile kuwe ukwenza *ukuthi-nokuthi*, o, awufuni ukuzilulaza ngalokho, niyabo, "Qhabo, mnumzane! Uma kuzongiphazamisa nabakwaJones, awu khona-ke, angifuni kuzihlanganisa ngalutho nakho, kufanele kube ngubuhlanya." Futhi ekugcineni uzoshushumba uhambe kwamanye amakhulu, amakhaza ezidumbu abandayo, noma okuthize, futhi yileyondlela okuthola ngayo.

66 Manje, manje, yilokho okwenzekayo. Futhi uJesu akemukelekile uma Engenakungena empilweni yakho yangasese. Uma uKristu engenakuba nguMlawuli, iNkosi phezu kwabo bonke ubuwena, khona-ke Akasho lutho kuwe.

67 Khona-ke kukhona omunye umnyango omncane woku*Ziqhenya*. O, lowo impela ngumnyango omkhulu enhliziyweni yomuntu kulelikhulunyaka lamashumi amabili, abantu bafuna ukuzizwa sengathi *bangumuntu othize* nje. Ngifuna nje nime umzuzu futhi nithathe ukuhlaziya: Ungubani, empeleni na? Ucabanga ukuthi umhlaba ubuyoyeka ukuphenduka uma ufile kulobubusuku na? Ucabanga ukuthi bekuyomkhathaza uNkulunkulu, noma iziNgelosi, noma okunye nokunye na? Mhlawumbe ezinsukwini ezimbili kusukela manje, uma uyindoda ebaluleke kakhulu, ubungeke usaphinde waziwe, phakathi nje kobudlelwane bakho.

68 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangimi e... Ngiyabuthanda ubuciko, futhi ngiyathanda ukubona lapho abaqophi bemifanekiso benze umsebenzi omkhulu wobuciko, nabadwebi, nokunye nokunye. Futhi ngangisemnyuziyemu othize eTennessee, futhi kwakukhona izinsizwa ezimbili zimi lapho zibuka i—iphepha elalibekwe nezitshana ezincane zezinto, impahla yokwakha, nomunye wabafana walibuka, futhi waphenduka, wathi, "Woza lapha, John, futhi ubuke lokhu."

69 Ngangibuka ehlombe lomfana, ngifunda, futhi kwakunikeza ukuhlaziya kowesilisa, enenani elikhulu ngesisindo, kanjalonjalo, kunowesifazane. Futhi indoda esinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, niyazi ukuthi ibizani na? Amasenti angamashumi ayisishiyagalombili

nane. Bese kuthi-ke uzofaka isudu yamadola ayikhulu nesigqoko samadola angamashumi amahlanu emasenteni akho angamashumi ayisishiyagalombili nane.

70 Futhi abanye benu besifazane nizothatha ijazi lesikhumba senyamazane imink lamadola angamakhulu amahlanu futhi niye esontweni ekuseni ngePhasika nesigqoko esithize esincane sinamathele phezulu, nekhala lakho liphezulu emoyeni, uma lina belizokuminzisa, futhi khona-ke ubizani na? Amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane. Kodwa, o, ucabanga ukuthi umuhle. Kodwa khumbulani kuyofika usuku! Ungahle ube muhle, kodwa awuzukuba yilutho kodwa izibungu zesikhumba zizohuquzela zingene ziphume kuleyonyama; futhi mhlawumbe ngalesisikhathi ngeviki elizayo siyobe senza lokho. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na?

71 O, wena uthi, "Mnu. Branham, ngiyisikhulu lapha edolobheni."

72 Omunye umuntu uzothatha indawo yakho, futhi uyokhohlwakala lapho izibungu sezikudla zukuqeda.

73 Nalomfana othize wathi komunye, wathi, "John, asibizi kakhulu kangako, ngabe sinjalo na?"

Wathi, "Akubukeki sengathi sinjalo. Besizofanele sisinde amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu ukuze sibize amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane." Ngakho babemi lapho.

74 Futhi ngabaqhweba ehlombe, ngathi, "Bafana, uxolo umzuzu nje." Ngathi, "Bengibuka, nami, kulokho, ngoba ngiyamangala." Ngathi, "Ngingaphansi kwamaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu." Kodwa ngathi, "Kunento eyodwa nje engifuna ukunitshela yona, lokho yilokhu: Ungahle ungabizi ngisho amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane kumakhemikhali omzimba wakho, okwenele nje, o, umcako ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, nengcosana yepotashi, nokunye nokunye, ungahle ungabizi amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, kodwa unomphefumulo kuwe obiza amazwe ayizigidi eziyishumi."

75 Uma uye esitolo othenga udlele kuso futhi wathola isitsha sesobho, bekukhona ulwembu kuso, o, he, ukuthi ubuyokujikijela kanjani lokho emuva, nobuso bakho buphenduke bube bomvu, futhi ubuyobiza umnikazi, uthi, "Ufuna ukungifaka ushevu na? Ulwembu esobhweni lakho! Angisophinde ngidle lapha futhi!" uphose indwangu yakho yokusula umlomo phezu kwetafula bese uyaphuma, ukhukhumale njengexoxo isinana lidla inhlamvu yesibhamu ingebe. Khona-ke ubuyo . . . Kodwa ucabanga ukuthi *ungumuntu othize.*

76 Kodwa-ke udeveli angahlohla noma yiluphi uhlobo lwendala, inkolo efile yehle ngomphimbo wakho, lapho

lowomphefumulo obiza amadola ayizigidi eziyishumi, futhi uyayemukela. Uyini, empeleni na? Ungubani wena na? Wavelaphi na? Futhi uyaphi na? Zonke izimbongi nakho konke okunye, asinancwadi ekushoyo, ngaphandle kweBhayibheli. Likutshela ukuthi ungubani, uvelaphi, ukuthi uyini, nokuthi uyaphi, Liyingilazi kaNkulunkulu yokubuka. Ufanele ubuke kuLo kanye ngankathi, esikhundleni sezivumokholo eziningi kakhulu, kanjalonjalo.

77 Yebo, uJesu ufuna ukungena kulowomnyango wokuziqhenya kwakho.

78 Manje, anizukungithanda, nina besifazane, emva kwalokhu, kodwa lokhu kungahle kube ngumhlangano wethu wokugcina. Kwakuvame ukuba sebandleni leBaptisti, iSouthern Baptist endala, leyo engiphuma kuyo, manje, nina maBaptisti asenyakatho, angazi ngani, kodwa ngiyanitshela, iSouthern Baptist endala, asikhuphukanga nokuvuma izono kwamehlo omile, sibuyele ekamelweni, bese sifaka igama lethu encwadini, sasiguqa phansi e-altare, futhi sikhuleke, futhi sishayane emhlane size sidlule. Yilokho okudingayo futhi. Sasinento ethize, sasithole uKristu.

79 Lokho sekube yiminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye edlule kimi, futhi kade ngishumayela iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili; Uya ngokuba mnandi usuku ngalunye. Kuyinto eyenzekayo. Futhi lapho uKristu engena empilweni yakho yangasese, Uguqula yonke impilo yakho.

80 Futhi kwakuvame ukuba yiphutha kwabesifazane bakithi beBaptisti ukugunda izinwele zabo, nokufaka ubuqhathanzipho, noma, izinto ozifaka ebusweni bakho. Ngiyazi ngikusho ngokungesikho lokho, kodwa noma ngabe kuyini, upende, lokho, aKulungile. Futhi namhlanje . . .

81 Umshumayeli omdala weMethodisti wayevame ukucula iculo, uMfowethu Kelly, yena noDadewethu Kelly, babethi:

> Sehlise imigoqo, sehlise imigoqo,
> Saxegisa ngesono.
> Sehlise imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

82 Wehlise imigoqo; lokho kulula. Yingoba ipulpiti libe buthakathaka nesifunda sakhe somfundisi sasiyithikithi lokudla, esikhundleni sokuthunywa okuvela kuNkulunkulu.

83 Lalelani, manenekazi, leli akusilo ihlaya, futhi lena akusiyo indawo yokuhlekisa, kodwa ngifuna ukusho okuthile kini: Kwakunoyedwa kuphela owesifazane eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe nalowo kwakunguJezibele, uNkulunkulu wamphakela izinja. Ngakho, niyabona ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngabesifazane owenza lokho na?

84 Manje, wena uthi, "Awume kancane, Mshumayeli!"

Nakho lapho okhona. Awufuni ukuvula lowomnyango, uyafuna na?

"Lokho akuhlangene ngalutho nakho!"

IBhayibheli lithi kuhlangene, kodwa awufuni lowomnyango uvuleke, awufuni uKristu angene.

85 IBhayibheli lisho ukuthi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, igoda, umyeni wakhe unelungelo lokwehlukanisa naye futhi amxoshe, iBhayibheli lasho njalo, uhlazisa indoda yakhe, nowesifazane ohlazisayo bekungafanele kuhlalwe naye.

86 O, wena uthi, "Ngimsulwa nje njengomnduze."

Lokho kungahle kube yiqiniso, dadewethu, yingoba umshumayeli akazange akutshele ngakho, noma ngabe intando yakho yenkani, engeke ivumele uNkulunkulu angene; mhlawumbe akungenanga enhliziyweni yomshumayeli.

87 Ngiyazi ukuthi lokho kumahhadlahhadla, angiqondile ukunilimaza, kodwa ngeke saphatha iVangeli singasawagqokile amagilavu amhlophe, ufanele ukhumule amagilavu akho futhi ukhulume iqiniso, yilokho abantu abashoda ngakho. Kulo lonke lolusuku lwesimodeni lapho nina besifazane nivumela amantombazane enu, futhi ngisho nawe, gogo, uphumela esitaladini nalezo ezindadlana, ugqoke izingubo zokungamesabi uNkulunkulu, futhi nizibiza ngamaKristu na?

88 "O," wena uthi, "Angizigqoki izikhindi, ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

89 Lokho kubi kakhulu. IBhayibheli lasho ukuthi owesifazane oyogqoka noma iyiphi ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu. Izingubo ezindadlana! UNkk. Vayle, noMnu. Vayle, nami ngangehla ngesitaladi, futhi babenesithombe esiqoshiwe simi efasiteleni, sasibukeka njengesaka elidonselwe phezu kowesifazane. Futhi kwaba njalo . . .

90 Futhi ake nginibuze okuthize: Uyakuqonda lokhu, dadewethu na? ukuthi uma ugqoka kanjalo, ungahle ube msulwa kumyeni wakho, nawe ntombazane, ungahle ube msulwa esokeni lakho, uzophendulwa ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga. UJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe."

91 Akunandaba ukuthi uphila ngobumsulwa futhi uhlanzeke kangakanani, uma uziveza endodeni kanjalo esitaladini, uNkulunkulu uzokwenza uphendule ngokuphinga. Uzibeke wena phandle lapho ukuze lesosoni sibuke, unecala lokuphinga.

92 "O," wena uthi, "Mfowethu Branham, yilolohlobo kuphela lwezingubo abazithengisayo."

Awu, basathengisa imishini yokuthunga futhi banezimpahla.

93 "Manje," wena uthi, "Mfowethu Branham, usishaya ngempela thina besifazane."

94 Kulungile, nakhu la nikhona nina madoda: Noma iyiphi indoda ezovumela umkayo abheme osikilidi futhi agqoke izingubo ezinjalo, kukhombisa ukuthi yenziwe ngani, ayisiyo indoda kakhulu kuyo, indoda eyokwenza lokho. Nkulunkulu siphe ayifeshini endala, azelwe ngokusha, angcwelisiwe, amakhaya amesabayo uNkulunkulu! Ubuhlongandlebe bentsha bebungeke busaba khona; akusibo ubuhlongandlebe bentsha, ngubuhlongandlebe babazali. Babenompheme omdala wezinkuni negatsha lehikori elikhulu libekwe phezu komnyango, lokho ngukuqondisa ekhaya lethu. Kulungile.

95 Wena uthi, "Manje, Mfowethu Branham, ngi. . .asifanele sizwe lolohlobo lwezinto."

96 Ufanele ukuzwe! Kunjalo. Awumvumeli uNkulunkulu angene kuleyompilo yangasese. AwuyikuMvumela angene kulelongqamuzana lakho elincane ngaphakathi.

97 "Manje, ungangitsheli ukuthi ngizokwembathani, ukuthi ngizogqokani. Ungangitsheli ukuthi ngifanele ngiziphathe kanjani. Futhi uma ngifuna ukubhema usikilidi, lokho kukimi."

Qhubeka, "Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe," kusho umBhalo.

98 Manje, lowo ngomncane, iminyango yangasese. Asiphuthume, sifike komunye umnyango ngokukhulu ukushesha, engifuna ukukhuluma ngawo, futhi lowo ngumnyango woku*Kholwa*. Isizathu sokuba singeke sisaba nazo izimangaliso, njengoba bekufanele kube njalo phakathi kwabantu, ngani na? Yingoba umnyango woku*Kholwa* usuvaliwe.

99 Manje, wena uthi, "Ngiya esontweni, Nkosi, ngiKwamukele njengoMsindisi wami, kodwa ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule."

100 UNkulunkulu angasebenza kanjani enhliziyweni enjengaleyo na? Usucabangisisile, uzokwenza lokho ofuna ukukwenza, uNkulunkulu angeke akutshele lutho. Manje-ke uma Engenakukwenza lokho, Angakunika kanjani ukukholwa na? AwuMvumeli ngani nje ame emnyango na? Futhi lonke iZwi Alishoyo emBhalweni, wena uthi, "Amen," kulo, futhi ulemukele; yilokho okwenzekayo lapho uJesu ema emnyango woku*Kholwa*.

101 Bese kuthi-ke, enye into phakathi lapha, uno—umnyango emehlweni akho, futhi, o, lowo ngumnyango omkhulu, umnyango emehlweni akho. Niyazi, sibona izinto, thina bantu baseMelika soniwe, uNkulunkulu usithumelele izimvuselelo

ezinkulu, nezinto ezinkulu, neziphiwo ezinkulu, futhi sekube ngokwejwayelekile kithi.

102 Esikhathini esithile esedlule, indoda yayehlela olwandle ukuyophumula, yayifuna ukuhogela amanzi anosawoti, futhi izwe izinyoni zasolwandle zimpongoloza, amakhulukazi, amagagasi amahle egxumagxuma, na—namagagasi amhloshana olwandle olul'hlaza sibhakabhaka lapho ludonsa izibhakabhaka zingene kulo. Futhi yayicabanga ukuthi kwakuzoba ngukuxhuxhuma, yayingakaze ikubone ngaphambilini. Futhi endleleni yayo yehla yahlangana netilosi elithize liza, lathi, "Uyaphi, muntu wami olungileyo na?"

Yathi, "Ezansi ogwini lolwandle ukuba ngiphumule, ukuze umphefumulo wami uzoxhuxhuma, lapho ngingakwazi ukubona amanzi amakhulu anosawoti, ngizwe amagagasi eduma, nezinyoni zasolwandle, kanjalonjalo."

"Ngani," lathi, "Ngazalelwa olwandle, akukho lutho oluxhuxhumisayo ngalo." Lalikade nje selilibone kakhulu kwaze kwathi lalingalixhuxhumisi kulo.

103 Kungaleyondlela ngezinto eziyinqwaba ngani bantu beVangeli eligcwele, nimbonile uNkulunkulu enza izinto, nezimangaliso, futhi esebenza phakathi kwenu sekuze kuba ngokwejwayelekile, aku—akusakuxhuxhumisi, uBukhona bukaMoya oNgcwele abu—abunikezi injabulo nentshisekelo enkulu yokuhamba. Ngani na? KusoNyakeni weBandla laseLawodikeya, elisivivi, yilolosuku esiphila kulo, yilolosuku uKristu athi ngalo, "Ngimi ngingqongqotha." [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.]

104 Manje, qaphelani, njengoba sivala futhi sizoqala umugqa womkhuleko, lokhu nje ekuvaleni: Umile engqongqotha, Ufuna ukungena emnyango wokuziqhenya kwakho, umnyango wempilo yakho yangasese, Ufuna ukungena emnyango wokukholwa kwakho ukuze Akwenze umkholwe, Ufuna ukungena lapho bese ekhipha umshumayeli emnyango wakho. Uma umshumayeli ema emnyango, khona-ke uKristu angeke ame lapho, ulalela ukuthi umshumayeli uthini. Lalela ukuthi uNkulunkulu uthini!

105 Noma uma ihlelo lingena endleleni yakho, noma yini esendleleni, ungayinaki, bese uthi, "Ngena, Nkosi Jesu, ngiyaKwemukela, Ungqongqotha emnyango wami. Wena ngena, ngifuna Wena ukhulume kimi njengoba ngifunda iZwi laKho. Nginike ukukholwa ukuba ngiKukholwe, Nkosi, hhayi lokho okushiwo ngomunye umuntu. Uma bethi izinsuku zezimangaliso selwedlule... Uma Uthi Asenguye izolo, namuhla, naphakade, ngiyaKukholwa." Nakho lapho okhona.

106 Khona-ke amehlo akho, uyazi iBhayibheli lasho lapha ukuthi u...namuhla, isithombe esihle kakhulu seBandla, "Ngoba uthi, 'ngicebile futhi nginempahla eningi,'" amabandla

amakhulu kunawo onke esake saba nawo, abashumayeli abaqeqeshwe ukwedlula bonke esake saba nabo, "'banempahla eningi, kabasweli lutho,' awazi yini," anikwazi, "ukuthi uhamba-ze, ungowokuhawukelwa, umpofu, uphuphuthekile, kanti kawazi."

107 Uma umuntu esitaladini, ubungathini nje, nina bantu, ngokubona umuntu othile esitaladini obehamba ehla ngesitaladi enamawala njengoba bebengabanjalo nje, futhi bebehamba-ze, futhi bempofu, futhi bephuphuthekile, futhi belusizi, futhi behlazekile na? Futhi ubuyohamba uye kuye bese uthi, "Mnumzane, umzuzu nje! Lapha, a—awuqondi ukuthi uphuphuthekile, awu . . ."

"Suka, ngiyazi kahle lapho engikhona, futhi vala umlomo wakho!" Kukhona okungalungile ngalowomuntu, banephutha ngokwengqondo.

108 Lapha ngolunye usuku owesifazane eLouisville, wayethatha umfanyana wakhe emzungezisa ezindaweni, namakhawunta ezitolo zezinto zikasheleni, futhi wayethi, "Buka, S'thandwa!" Umfo omncane wahlala egqolozele. Futhi wamyisa kwenye ikhawunta, wathi, "Buka, S'thandwa!" Futhi wavele wagqolozela. Futhi abantu baqala ukumbhekisisa. Futhi ekugcineni wacosha ubucwebe obuncane obushibhile wabanga umsindo, wathi, "Buka, S'thandwa!" Nomfo omncane wavele wagqolozela. Futhi wawela phezu kwekhawunta, edazuluka.

Nabantu beza ukuthola ukuthi babengamduduza yini, bathi, "Yin'indaba na?"

Wathi, "Uyisidalwa esincane esingumuntu." Wathi, "Uyi—uyinzalo yokuhlangana kwethu, umyeni nami." Futhi wathi, "Ufike endaweni ukuthi angeke aqaphele ngisho izinto eziphathelene nezidalwa ezingabantu, umqondo wakhe usuvele awangaphaphama, futhi uyagqolozela nje."

109 Uma leso kungesiso isimo sebandla namhlanje! UNkulunkulu ekhombisa oBilly Grahams, u-Oral Roberts, izibonakaliso ezinkulu nezimanga, nebandla lithi, "Lelo akusilo ihlelo lami," liyagqolozela nje, lihlanye ngokomoya, liyagqolozela nje, "O, *leli* yibandla lami." Leso akusizo izibonakaliso ezilandela ikholwa. Balalela ibandla labo futhi bakhohlwe uMoya kaNkulunkulu okwenza uziphathe njengoKristu, okwenza uMthande futhi uMkholwe. Kodwa kwenzekeni na? Amehlo abo aphuphuthekile. Abakwazi . . .

110 Wena uthi, "Ngino 20/20."

Kodwa, niyabo, ubumpumputhe Akhuluma ngabo ngubumpumputhe bokomoya.

111 Umfo wathi kimi esikhathini esithile esedlule ngebandla elithize elingakukholwa lokho . . . bathi bakhuluma lapho iBhayibheli likhuluma khona, futhi bathule lapho Lithula

khona. Futhi ngathi, "Awu, mnumzane, kuthiwani-ke ngokuthize. . .?"

Wathi, "Angikhathali ukuthi ubuyothini, Mnu. Branham, angikukholwa."

112 Ngathi, "Alenzelwanga abangakholwayo, alithunyelwanga kwabangakholwayo, lathunyelwa kulabo abakholwayo. Wena ungongakholwayo, futhi uyisimo esidabukisa kanjani ukuthi udeveli ukuphuphuthekisile!"

Wathi kimi, wathi, "Ngishaye ngobumpumputhe khona-ke."

Ngathi, "Usuvele uphuphuthekile, mnumzane."

Wathi, "Amehlo ami libona kahle."

Ngathi, "Kodwa ukubona kwakho kokomoya."

Wathi, "O, ubumpumputhe busho amehlo akho ajwayelekile."

113 Ngathi, "Kuthiwani ngo-Elisha ezansi eDothani, ngalolosuku ngenkathi bevuka ngalokho kusa, namaSiriya ayehaqile, impi yayizungeze umuzi ukuba ingene futhi ithole u-Elisha, ngoba wayesho izimfihlo zabo, kanjalonjalo na? Futhi bamzonda.

"Futhi uGehazi wavuka, wayesethi, 'O, baba wami,' wathi, 'buka lapha, amaSiriya ahaqe umuzi wonke, futhi siphakathi kwawo.'

"Futhi u-Elisha, lowomprofethi omdala, wasukuma, wacikica amehlo akhe, wathi, 'Kodwa baningi abanathi kunabanabo.'

"UGehazi waqalaza, wathi, 'A—a—angiboni lutho, akukho-muntu ngaphandle kwakho nje nami.'

"Wathi, 'Nkulunkulu, vula amehlo alomfana.' Futhi lapho amehlo akhe evuleka, ngakulowomprofethi omdala kwakumi iziNgelosi zoMlilo nezinqola zoMlilo ngezigidi. Niyabo, uGehazi wayephuphuthekile.

"Wayesethi-ke, 'Woza, hamba nami.'" Waphuma waya enduneni enkulu, wayesethi, waphakamisa isandla sakhe ngenkathi eya esangweni, wayesethi, 'Nkosi, bashaye ngobumpumputhe.' Futhi waphumela enduneni enkulu, wathi, 'Ngabe nifuna u-Elisha na?'

"Yathi, 'Yebo, mnumzane, sinjalo.'

"Wathi, 'Wozani, ningilandele, ngizoniyisa kuye.'

114 "Bephuphuthekile futhi bembuka ngqo, bephuphuthekile ekuboneni u-Elisha."

115 Kuyilokho-ke kulobubusuku, ibandla, Nkulunkulu, yiba nomusa, baphuphuthekile, abazi ukuthi uJesu Kristu ulapha emhlabeni namhlanje, ofanayo Ayenguye izolo futhi uzoba nguye

phakade. Baphuphuthekile ngokomoya, abazi ukuthi u—udeveli ubaphuphuthekisile.

116 IBhayibheli lathi uJesu wayenze izinto eziningi kakhulu, baMbiza ngoBelzabule, nokunye nokunye, ngoba bona, umprofethi wathi, "Banamehlo, kodwa ababoni." Futhi umBhalo lapha, uJesu ekhuluma, wathi ibandla liyoba kulesosimo ngezinsuku zokugcina. Ngifisa sengathi abantu bebengakuthola lokhu.

117 Ninamabandla amahle, ninamadoda ahlakaniphile, ninemali eningi, futhi nigqoke kahle, kodwa niphuphuthekile, nihamba-ze. Akukho-Gazi nhlobo, akukho-musa ongcwelisayo phezu kwakho. Uphila ezweni, uma u—uma wawungcweliswe ngoMoya kaNkulunkulu (ngiyakholelwa ebungcweleni, ubungcwele baKhe.), ubuyoziphatha ngokwehlukile, uphile ngokwehlukile kunalokho abantu akwenzayo namhlanje. Angikhulumi ngokuthi, mhlawumbe, nje—nje ngabantu ngamunye behlezi lapha, niyazi ukuthi ubani . . . lapho elishaya khona, nalapho lingashayi khona, nginesibopho nje sokukusho. Uphuphuthekile!

118 Ngenkathi ngisengumfanyana ezansi eKentucky lapho engazalelwa khona, sasinendlwana endadlana yezingodo, kungekho phansi kuyo, nesiqu siyitafula, ne—nensimbi endadlana kaloliwe ibekwe eceleni, nesigejane samakhoba silele lapho lapho uBaba noMama ababelala khona, umatilasi wekhoba omdadlana nomqamelo wekhoba, ngesikhathi sasehlobo babethatha utshani obomile lapho singabuthola khona, benze imibhede yotshani obomile.

119 Futhi thina bantwanyana sasilala esitezi esincane nje, amagatsha amabili amancane, amahlumela esihlahla nezinti ezincane zokhuni zivundle kuwo, sasikhuphuka futhi siyolala embhedeni, sinomatilasi wekhoba nje obekwe lapho, futhi siyongena kuwo, ne—nezingcwecwe zamapulangwe amadala okuvimbela isimo sezulu eshwabana, nezimbobo ezinkulukazi kuwo. Umama wayevame ukubeka ucezu lukaseyili phezu kwethu ukusivimbela ukuba singabi manzi lapho lina.

120 Futhi ngiyakhumbula, futhi, ukuthi umsinga womoya lapho ngesikhathi sasebusuku wawubanda emehlweni ethu, futhi si—si . . . Umama wayekubiza ngobhici. Awabo amancane . . . amehlo ethu amadadlana ayenamathelana. Futhi wathi . . . Umoya obandayo ukwenzile ushushumba esakhiweni sonke. Futhi ngesikhathi sasebusuku lapho yena, noma, ekuseni lapho esibiza khona, wayethi, "Billy . . . ? . . . yehla, uze no-Edgar, ukuze angawi ehla ngezitebhisi."

Ngangizama ukuvula amehlo ami, ngiyothi, "Mama, angikwazi ukubona."

121 Manje, umkhulu wayengu—umcuphi, umzingeli. Futhi wayethi . . . Wayecupha izinyamazane ezifana negqalashu,

amagqalashu, futhi wayethatha amafutha kuyo, futhi enze okubizwa ngamafutha enyamazane efana negqalashu. Futhi uMama wayewabeka esitofini esidadlana futhi awashisise, futhi wayehlikihla amehlo ethu futhi asihlikihle ngalamafutha enyamazane efana negqalashu, ukuze ukubanda kuphume emehlweni ethu futhi sikwazi ukubona. Kwase kuthi-ke emva kokuba amafutha enyamazane efana negqalashu esegcotshiwe, amafutha afudumele enyamazane efana negqalashu, aze amehlo ethu aphume lonke ubhici kuwo, wayewasula, khona-ke sikwazi ukubona lapho esasiya khona.

122 Futhi kubekhona umsinga wokomoya ofika ngebandla eMelika, futhi babanjwe ukubanda kokomoya, namehlo abo anamathelene. UJesu wathi, "Ngiyakululeka futhi ethenge umuthi wamehlo, ukuze ugcobe amehlo akho." Mfowethu, amafutha enyamazane efana negqalashu angahle asebenzele umzimba wangempela, kodwa kuzothatha okungaphezu kwamafutha enyamazane efana negqalashu ukusebenzela amehlo akho okomoya, kuyothatha oyifeshini endala, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele othunyelwe nguNkulunkulu, amaFutha oMoya kaNkulunkulu, ukuvula amehlo elibanjwe kuloluhlaka lwesayensi yezokuhlalisana kwabantu, o, noma zonke izinhlobo zesayense yezenkolo, nayo yonke into, kuxubene nje kakhulu esibumbatheni esinjalo nazo zonke izinhlobo zamahlaya, nokuqhubeka, nombhedo, futhi ukuphila kabi, futhi nje ukugxambuza esonweni.

123 Isizwe sinabantu abaningi kakhulu, nesono singenile, futhi sibabambile abantu bakithi, kwakuvame ukuthi inhlamba yayiseParis, sasidingeka siye ngale eParis ukuba sithole izingubo zethu—zethu—zethu zesimanje zabesifazane, singcole kakhulu futhi siphansi kwaze kwathi iParis izofanele ize ngapha futhi ithole ukumodela kwabo kithi. Ihlazo elinje pho! Futhi wephula ubumama, wephule umgogodla wanoma yisiphi isizwe. Njengoba benomculo wokuzibinya, kuze kuthi ngisho namaphoyisa awakwazi ukuthula esitaladini, izibhelu zamatshitshi namabhungu, bewagwaza nakho konke okunye. Yingenxa yokuthi uhlaka lokomoya luyafika, impilo yasekhaya yabhidlika.

124 Kuyini namhlanje na? Yilunga lebandla lesimodeni. Ubabayi uphansi e, ndawo ndawo edlala isixheke sa . . . umdlalo wamakhadi, umama uphandle ndawana thize nabanye bezinhlangano zakhe zomphakathi, no—nosisi ungale enkantini, nasephathini yomculo wokuzibinya, nomfana omncane unemoto yakhe eshuniwe yejubane phandle ndawondawo, iBandla lihlezi lingenalutho. Yileyondlela yebandla lesimodeni namhlanje. Akumangalisi uJesu athi, "Ngizokuhlanza uphume emlonyeni waMi."

125 Uma bebeyovula leyominyango yoku*Ziqhenya*, no*Bugovu*, noku*Nganaki*, nomnyango woku*Kholwa*, nokwabo . . . makuthi

uNkulunkulu afake umuthi emehlweni abo futhi avule amehlo abo, bebeyobona ukuthi Uhlala enguye izolo, nanamuhla, naphakade, bebeyobona ukulunga kwaKhe. Kodwa ave kudabukisa. Yingalesosizathu, abantu, kul'khuni kakhulu ukubathola ukuba bahlale ebandleni.

126 Khona phezulu lapha esifundazweni sakini uqobo, ngaphezulu kancane lapha, ngangivame ukuzingela nobhuti wami, wayeyindoda elungileyo. Kodwa ibandla, abantu esitaladini babheke ukubona into ethize yangokoqobo. Futhi lomfo, wayengumzingeli okahle, futhi u. . .Ngangivame ukwenyuka futhi ngizingele naye, kodwa wayeyindoda enonya kunawo onke engake ngahlangana nawo. Futhi wa—wayevame ukungitshela. . .Wayedubula amazinyane ezinyamazane amancane lapho siyozingela, ukuba nje abe nonya.

127 Futhi kulungile ukudubula izinyane lenyamazane uma umthetho—umthetho usho njalo, kodwa—kodwa—kodwa nje ungawabulali ukuba ube nonya. Ngingumlondolozi wemvelo, ngangingumqaphi wezinyamazane iminyaka, futhi angikholelwa ekubhubhiseni lezozinto ezinjalo, ukudubula izinyoni ezincane zibe yisisulu, lokho akulungile, kuyisono ukukwenza. Futhi lapha, uma ufuna okuyisisulu, hamba uye endaweni yokudubulela. Ungalibulali ngaphandle uma ulidla. Kodwa nje ukuba ube nonya!

128 Futhi ngomunye unyaka ngenyuka ukuyozingela naye, futhi wayenze impempe encane, futhi wayengashaya leyompempe encane, futhi izwakale njengezinyane lenyamazane elincane nje, encane, ingane yenyamazane idiye ikhala. Ngase ngithi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho."

"O," wathi, "Billy, hlakanipha, ungumshumayeli onenhliziyo yenkukhu nje."

Ngase ngithi, "Ungakwenzi lokho."

129 Awu, sahamba sayozingela ngalolosuku, futhi nakho kufika iqhwa elincane, futhi sasilandela umkhondo, futhi asibonanga ngisho nomzila, kwakungesikhathi sasemini, ngakho wahlala phansi. Wafinyelela phansi phakathi *lapha*, khona ngqo ngasesikhaleni esincane, ngangicabanga ukuthi wayezothola isemishi azolidla, futhi wahosha lempempe encane. Ngacabanga, "O, awuzukukwenza lokho, Bert!"

130 Futhi wathatha lempempe encane, futhi wakhalisa okwencane, ingane yenyamazane idiye, futhi ngenkathi ekwenza, ngaqaphela nje ngaphesheya kwendlela, enkulukazi, umama wensikazi wasukuma, futhi wayeqalaza. Ngangiwabona awakhe amakhulu, amehlo ansundu, naleyomithambo emikhulu. Wayengumama. Manje, lokho akwejwayelekile ngenkathi yonyaka yokuzingela ukuba inyamazane idiye ivuke iphume kulelohlashana. Ihlala ilele phansi, ikakhulukazi cishe ngeleshumi nanye nqo emini, iphumule.

131 Kodwa ingane yakhala, kwakuyinto ethize kuyo, yayingumama, ingane yayisenkathazweni, yaqala ukubheka. Futhi ngabona uBert ngalawomehlo abukeka njengawesibankwa, waqalaza kimi ewuhlobo lwalokho kumamatheka kukaSathane, wadonsa isigwedlo sebhawodi wase ephosa lelogobolondo phezulu kwingemuva lombhobho waleyo .30-06, futhi wayengumnembi. Ngaphendula ikhanda lami, ngacabanga, "O, he!"

132 Futhi washaya impempe encane futhi, nomama wenyamazane idiye waphumela ngqo esikhaleni, ngokungejwayelekile nhlobo. Futhi wabona umzingeli, wethuka, noma sikubiza ngalokho, wavele wethuka umzuzu, kodwa akazange agijime. Kwakuyini indaba na? Wayengumama, wayengadlali nje, ibandla, wayengadlali ukwethembeka, wayenento ethize kuye, wazalwa engumama, into ethize yangempela.

133 Futhi umzingeli wehlisa isibhamu sakhe, wabeka lezozinwele eziphambene ngqo zanquma kuleyo ethembekile, inhliziyo kamama yakhe. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngomzuzu uzoqhumisa inhliziyo yakhe yasebukhosini eyigugu ithi ngqu ezinhlangothini zombili zakhe, ngaleyo nhlamvu enkulu esakhowe enezinhlwayi eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, iyohlanza yonke inhliziyo iphume kuyo. Wayengaba kanjani nonya kangako ngokubulala lowomama oligugu, omi lapho eveza obala into ethize engeyangempela: uthando lukamama na?"

134 Futhi ngaphendula ikhanda lami, angikwazanga ukukubuka, futhi nga—ngacabanga, "O Nkulunkulu, ungamvumeli akwenze!" Futhi ngangilalele noma ngamuphi umzuzu ukuzwa ukuduma kwesibhamu, futhi sasiyoyiqhumisa cishe amafidi ayishumi, esondele kangako kuyo. Ngacabanga ukuthi, "Inhliziyo yayo empofu izosakazwa iphume kuyo. Kodwa yethembeke kakhulu!"

135 Futhi ngaqaphela ukuthi isibhamu asidubulanga, ngase ngiphenduka ukuba ngibuke, nombhobho wesibhamu wawuqhaqhazela *kanje*. Waqalaza, nezinyembezi zazehla ezihlathini zakhe, waphosa isibhamu phansi, wangidumela ngomlenze webhulukwe, wathi, "Billy, sengenele yikho," wathi, "ngiholele kulowoJesu okhuluma ngaye." Lapho kulologu lweqhwa, ngaholela leyondoda enenhliziyo enonya kuKristu. Ngani na? Ngoba into ethize yayinento ethize yangempela yokuyiveza obala.

136 UJesu wathi, "Ningusawoti womhlaba," kodwa usawoti udumele, ningamalunga ebandla nje. Yayinento ethize yangempela, nalowomzingeli wayebheke into ethize yangempela, futhi wabona ukwethembeka kukamama kuvezwa obala, hhayi umzenzisi, hhayi okwembesiwe, kodwa into ethize

yangempela. O, awufuni ukuba ngokoqobo kuKristu kanjalo na? Ungqongqotha enhliziyweni yakho.

137 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Ngaphambi kokuba sikhuleke, ngingathanda ukunibuza lombuzo, namakhanda enu ekhotheme ngiyacela: Bangaki phakathi lapha abebengathanda nje ukuthi, "Nkulunkulu, nakuba ngingahle ngibe ngowebandla," futhi mhlawumbe awunjalo, kodwa ubungathanda ngempela ukuba ngowangempela, futhi uthe, "o, ngifuna ukuba ngumKristu wangempela," futhi wena uthi, "Nkulunkulu, nginike ubuqiniso ukuba ngiveze uJesu, iNdodana yaKho, uMsindisi wami, nginike isehlakalo sangempela, bese ufaka into ethize kimi engeyangempela njengoba uthando lwalowomama wenyamazane idiye lwalunjalo ngengane yakhe yenyamazane idiye"? Ningaziphakamisa nje izandla zenu bese nithi, "Ngikhumbule, Nkulunkulu"?

138 UNkulunkulu anibusise, nxazonke. UNkulunkulu anibusise, namanje. Kukhona izandla ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu eziphakeme. Kuvulandi osesitezi, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye umuntu ongaka. . . UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise ngapha, mnumzane, wena emuva lapho, ezansi esikhaleni esiphakathi nezihlalo, ngale ngakwesokunxele sami. UNkulunkulu akubusise, nsizwa uhlezi lapho. UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Lokho kuhle kakhulu.

139 Wenzani lapho uphakamisa isandla sakho na? Niyabo, u— ushaya indiva imithetho yamandla adonsela phansi. Isayense ithi ngokwejwayelekile izingalo zakho zifanele zilenge phansi; amandla adonsela phansi azokubamba akwehlisele phansi. Kodwa yini indaba na? Umoya wakho ngaphakathi kuwe, noMoya usemnyango wakho khona manje.

140 "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Futhi lapho uNkulunkulu emi lapho, ukuPhila okuPhakade, ethi, "Mntwana, unecala, yenza isinqumo sakho kulobubusuku futhi uNgikhonze." Khona-ke ushaya indiva imithetho yemvelo, ushaya indiva imithetho yamandla adonsela phansi, uphakamisela izandla zakho ngakuMdali wakho, wenze isinqumo, futhi kukhombisa ukuthi kukhona umoya kuwe, ukuphila okungakwenza, yilokho okukwenzayo. Ukusho ngempela lokho ngokusuka enhliziyweni yakho, uNkulunkulu uzokunika lokho okufisayo.

141 Angabakhona omunye noma ababili, sisalindile na? "Ngikhumbule nje, O Nkulunkulu." Kulungile, lokho kuhle, uNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Kulungile, injejane, lokho yi. . . wenze into enkulu kunazo zonke owake wayenza, dade, khona impela kulezizimpambanandlela zokuphila, wenze

into ethize yangempela. Ungahle ukuba wenze inqwaba yezinto ezinkulu, kodwa leyo yinto enkulu kunazo zonke owake wayenza ngenkathi uphakamisa isandla sakho.

142 Angabakhona omunye ngaphambi nje kokuba sinikhulekele na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Lokho kuhle. Dadewethu othandekayo, usukhulile ngeminyaka, kodwa ungahle ukuba wenze izinto eziningi ezinkulu. Mhlawumbe lesosandla lapho siyendezelise umbhede wengane, mhlawumbe sadonsa izinyembezi zasuka kancane, amehlo engane ekhalayo, kodwa into enkulu kunazo zonke owake wayenza: ngenkathi uNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho, futhi uphakamise isandla sakho.

143 Nawe futhi, ntombi khona emva kwakhe lapho, leyo yinto enkulu kunazo zonke obungayenza laphyo uphakamisela isandla sakho kuKristu, "O Nkulunkulu, yiba nomusa." UNkulunkulu abusise lomfo osemncane phezulu lapha kuvulandi osesitezi.

Asikhuleke.

144 Nkosi Nkulunkulu, Jehova Mdali omkhulu, yiba nomusa, Nkosi. Nalo omncane, umlayezo ophukile kulobubusuku, abaningi baKwemukele njengoMsindisi wabo siqu, futhi bafuna isehlakalo sangempela, Nkosi, bafuna ukufana noJesu. Bafuna ukuba nothando lwangempela enhliziyweni yabo oluveza obala uthando lukaNkulunkulu kubantu abasebenza nabo nabazihlanganisa nabo futhi baya esontweni nabo. Bafuna into ethize engeyangempela, e . . .

145 Wena wathi, "Ningusawoti womhlaba." Usawoti, uma uthintana, wenza ukoma. Nkulunkulu, benze baxhumane naWe kakhulu, futhi babenobusawoti kakhulu, njengokuthi, kuze kuthi bonke omakhelwane babo nanoma ubani abaxhumana naye uyokomela ukufana nabo. Siphe khona, Nkosi.

146 BangabaKho, bayimiklomelo yomlayezo, futhi Ubanika iNdodana yaKho njengezipho zothando, futhi akekho ongabahlwitha esandleni saKho. Wena wathi, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Siphe khona, Nkosi. BangabaKho.

147 Ngingahle ngingakwazi neze ukuxhawula lezozandla eziyigugu eziphakamele emoyeni, kodwa loloSuku ngimi ngaleya, mhlawumbe ngaphambi kokusa, lapho uJesu efika, sima esiHlalweni saKhe sokwaHlulela, O Nkulunkulu, Wena wathi, "Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kuwe," yileyonto kuphela eyoqondwa ngaloloSuku, ngakho-ke Nkulunkulu, ngingahle ngibaxhawule khona-ke, bangangitshela ukuthi baKwemukele njengoMsindisi wabo khona lapha kulomhlangano omkhulu lapha kulelidolobha elikhulu. Siphe khona, Baba. Ngibethula kuWe manje, ukuthi Wena uzobagcina ekuthuleni okuphelele

abazinhliziyo zabo zihlale kuWe. Ngokuba ngiyakucela, eGameni likaKristu. Amen.

148 Ngingathanda ukuba umshayi wopiyano uma bebengathanda, noma umshayi we-ogani, noma ngabe yini, angaya opiyaneni. Emva kokuphela komlayezo . . . Awulithandi nje iZwi likaNkulunkulu na? O, asikhonze nje manje umzuzwana nje. Anithandi ukukhonza uNkulunkulu na? Manje asi . . .

149 Bangaki olaziyo leliculo elidala, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala"? Lokho kuhle. Siphe indlela, uzosinikeza, dade na? Futhi asikhonze uNkulunkulu nje, ningaqapheli ukuthi ubani ohlezi eduze kwenu manje, bhekani phezulu nje futhi niMdumise. Manje sonke ndawonye:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

150 Manje *Ukholo Lwami Lubheka Kuwe*, uzokwenza na? O, ngiyakuthanda lokhu! Anibuzwa nje uBukhona bukaMoya oNgcwele na? Ngani, yimiphefumulo efika ekhaya. Izimvu ezizulazulayo zingene esibayeni, yilokho okwakwenza. Niyabo?

151 Manje, ngamunye wenu ophakamise isandla sakho, thola kwabanye babelusi, uthole ibandla elihle lasekhaya, uye ebandleni, uma ungakabhaphathizwa, yiba nombhaphathizo wamaKristu. Uma ungakamemukeli uMoya oNgcwele, manje Memukele.

152 Sonke kanyekanye manje, wozani manje, kamnandi ngempela eNkosini:

Ukholo lwami lubheka kuWe,
KuWe Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizweni ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

153 Bangaki kini abaMthandayo na? Phakamisani izandla zenu *kanje*. Kulungile. Asizigcine lezozandla ziphakeme umzuzu nje.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
O, yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama bube yimini,
Sula izinyembezi zosizi,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

154 Manje amakhanda ethu ekhotheme, asikhuleke lomkhuleko ndawonye:

Baba wethu OseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho.
UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe emhlabeni, njengaseZulwini.
Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo.
Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen.

155 O, ngizizwa ngikholwa ngempela! Anicabangi ukuthi amaBaptisti ayamemeza na? Awu, ngiyacabanga. NgiyaMthanda nje.

156 Ake sibone, amakhadi omkhuleko emakhulwini, cishe asinalo ikhulu lapha. Manje, asi . . . Angizukuwasebenzisa lawomakhadi omkhuleko. Awudingi ukuba ube nekhadi lomkhuleko. Bangaki owaziyo ukuthi Ukhona, niyakholwa ukuthi Ukhona na? Bangaki okholwayo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Yenza *kanje.*

157 Awu, uma Ekhona, Ubengeke yini eze lapha manje, futhi angigcobe, futhi akugcobe, ukuthi into efanayo Ayenza ngosuku lwenyama yaKhe lapha emhlabeni na? Wethembisa, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza." Niyamkhumbula owesifazane owathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile"? Niyakukhumbula lokho na? Niyakukhumbula lokho na?

158 Awu, Akasuye yini uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, uNkulunkulu ubengeke enze ngendlela efanayo Enza ngayo izolo, namuhla, naphakade na?

159 Asikhothamise amakhanda ethu futhi nje siMkholwe manje, futhi ngamunye akhuleke, noma yini esenhliziyweni yakho, cela nje uNkulunkulu ukuba abe nomusa kuwe.

160 Manje, Nkosi, inkonzo ingeyaKho. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoba nesihawu manje, futhi uvumele uMoya waKho ungene kulesisakhiwo. Futhi siphe, Nkulunkulu oPhakade, ukuthi wonke lowo ogulayo manje, nazo zonke izinhlupheko, nakho konke ukugula kungasuka kulababantu abathandekayo, kwangathi kungebebikho noyedwa, kodwa oyophulukiswa. UBukhona baKho obukhulu noMoya waKho omkhulu, kwangathi Ungasipha lento kulobubusuku, Nkosi.

161 Futhi manje abantu bayazinikela kuWe, ngizinikela kuWe, futhi makuthi uMoya oNgcwele waKho ungene kithi ukuba sihloniphe futhi sikhazimulise Wena. Futhi abantu mabazi ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ukuthi Umise abanye

eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi, ukuba kuphheleliswe.

162 Siphe, Nkosi, ukuze abantu bezwe, osanda kwemukela Wena njengoMsindisi oqondene nabo, kwangathi bangabona, futhi baqonde, futhi baqonde ukuthi Usaphila kulobubusuku. Siphe khona, Baba.

163 Lokhu kungahle kuxake, kodwa ngikholwa ukuthi Uzokwenza: Makuthi lesisenzo, njengoba sibe naso izolo ebusuku, owesifazane emthonjeni, washo izimfihlo zenhliziyo yakhe, kwangathi kungaba njalo kulobubusuku ukuthi a—ukuthi amadoda, noma, njengoPetru owafika futhi Wawazi ukuthi wayengubani, futhi njengoFiliphu, Wazi ukuthi wayekuphi, futhi njengowesifazane owathinta ingubo yaKho, futhi Waphenduka futhi wathi, "Ubani oNgithintile na?" futhi bonke bakuphika, futhi Wena wathi, "Ngiphelelwe amandla," futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane futhi wazi ukuthi yayiyini inkathazo yakhe futhi wamtshela, nokukholwa kwakhe kwamsindisa. Siphe khona, Nkosi.

164 Uma Uzokwenza lokho, sizojabula, futhi kuzokwenza uvuthondaba olukhulu lomhlangano kulobubusuku. Ube muhle kakhulu ukusibusisa, sizizwa sihlunyeleliswe nje ngoBukhona baKho. Nkulunkulu omkhulu waseZulwini, siphe lokhu, ngeGama likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

165 Manje, angisho ukuthi Uzokwenza, kodwa uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Uzokwenza ngokufanayo. Manje, iBhayibheli lathi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe yilokho okushiwo ngumBhalo na? Manje, uma Engathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengeke yini enze ngokufanayo njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni na?

166 Manje, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uNkulunkulu uzokupha khona. Manje bukani nje, nonke niyizihambi kimi, angazi-muntu esakhiweni, kodwa—kodwa uKapteni Stadsklev lapha, umfundisi wasemasosheni. Wonke umuntu phambi kwami uyisihambi. Laba umfana lapha, mina, lababafana abaqophayo, ngiyabazi, emva kwami yiqembu.

167 Bangaki khona lapho ogula ngempela futhi ufuna uKristu akuphulukise, uthi, angikhathali ukuthi ungubani, phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Nkulunkulu ngi—ngifuna Wena ukuba ungiphulukise, ngifuna Wena ungiphulukise." Hloniphani ngokuzithoba nje, phezulu kuvulandi osesitezi, noma ngabe nikuphi.

168 Futhi uma Ezokwenza ngokufanayo. . .Manje, uMoya waKhe, hhayi ukuthi ungaMbona, ungabona imisebenzi yaKhe. Uma Ezokwenza okufanayo aKwenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, nonke nizoMkholwa na? IBhayibheli lathi, "Ofakazi

ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe." Manje khulekani nje.

169 Kwangathi uNkulunkulu angapha ukuthi Uzo—Uzovela ngapha nangapha. Asiqale ngapha. Thola okuthize kuyo yonke indawo phakathi lapha, uma uNkulunkulu ezokwenza. Ngizobhekisisa ngapha. Nani bantu kulezizinhlu khulekani futhi nikholwe uNkulunkulu. Khumbulani nje, Ukhona.

170 Manje nakhu: Ovela phambi kwami yindoda, ihlushwa ithumba, ihlezi khona lapha, Mnu. Shaw. Angikwazi, ngiyakwazi, mnumzane na? Angikaze ngikubone empilweni yami. Kunjalo. Yiba nokukholwa. Ubukhuleka, "Nkulunkulu, mvumele akhulume kimi." Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uthinteni wena na? Awukaze ungithinte, ukwenzile, mnumzane na? Kodwa uthinte umPristi oMkhulu, Waphendula.

171 Omunye akakhuleke. Nansi indoda, enye ihlezi khona lapha ekugcineni, iphethwe yinto efanayo, ithumba, isibhono. Yebo, mnumzane. Angikwazi, ngabe ngiyakwazi, mnumzane na? Angikaze ngikubone empilweni yami, ngokwazi kwami, igama lakho nguMnu. Spencer nokho. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa na? UKristu ofanayo na?

172 Inenekazi emva kwakhe khona lapho linesifuba somoya, uma uzokholwa futhi unikele impilo yakho kuKristu, Uzokuphulukisa kuso. Uyakholwa ukuthi Ubezokwenza na? Uzonikela impilo yakho kuYe na? Inenekazi elinemhlophe encane, noma, encane, imbali ebomvu esigqokweni salo. Uyamkholwa uKristu ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uzokwenza na? Nikela impilo yakho kuYe nesimo sesifuba somoya sizokushiya, uzosinda. Uma uzoMemukela njengoMsindisi wakho noNkulunkulu wakho, Uzokupha khona.

173 Angikaze ngikubone empilweni yami, uyakwazi lokho. Kumnyama nokukhanya, futhi. Ufuna ukukunika isibusiso, kodwa wena Memukele kuqala. Ukunqikaza okuncane nje empilweni yakho, suka kulokho. Mkholwe.

Umkhuleko wentombi wenze lokho.

174 Kuthiwani ngawe ohlezi lapha, mnumzane na? Unokuthile okungalungile ngengalo yakho, khona lapha ohlwini oluphakathi nendawo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Umkakho ehlezi lapho enesifo sikashukela, ucabanga ukuthi ubeyophulukiswa, naye na? Angikwazi, ngiyakwazi na? Kodwa nguKristu.

175 Uthintani lababantu na?

176 Lapha empeleni, lona wesifazane ohlezi khona ngapha uxhumene nawe ndawondawo, umama. Kunjalo. Nonke nindawonye. Futhi unesifo samathambo. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? Uma ukholwa, uNkulunkulu uzokusindisa.

177 Lendoda ehlezi emuva ngqo phandle lapha, kunjalo, ingibuka ngqo ebusweni, iyamangala ukuthi ibingamthinta yini uKristu. Ungakuwe. Unesibhono, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubeyokusindisa kuso na? Uma ukukholwa, ungaba nakho.

178 "Uma unga . . ." Kuthiwani-ke phakathi lapha, abanye benu bantu na? Yiba nokukholwa, kholwa.

179 Lapha, nginikhombise umusa, ake nginikhombise umusa: Nakhu kuhlezi indoda eyikhaladi ihlezi khona emuva lapha nekhanda layo libheke phansi, ikhuleka, izandla zayo ziphansi *kanje*, ihlezi eceleni kwendoda emhlophe, inenekazi lihlezi eceleni kwakhe lapho, indoda iphethwe yisifo sikashukela. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungasindiswa.

180 Ubungakukholwa kanye naye, dade na? Ubungakukholwa na? Anginazi nonke, ngiyanazi na? Angikaze nginibone, kodwa kunjalo, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma kunjalo. Beka isandla sakho phezu kwakhe, futhi ube nokukholwa manje.

181 Niyabona ukuthi UnguBani na? Usenguye izolo, namuhla, naphakade.

182 Umnumzane ohloniphekile ohlezi ngapha kulesisikhala sezihlalo esilandelayo ngapha, wena uphethwe yinto ethize engalungile ezindlebeni zakho, futhi nawe unenkathazo yomphimbo, awunayo, mnumzane na? Ufake izibuko, ugqoke iyembe elimhlophe. Kunjalo. Uhlezi lapho ukhuleka, ubungenjalo na? Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

183 Uhlezi khona lapha ohlwini olungaphambili, mnumzane, nezilonda emathunjini, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakukholwa na? Umfo osemncane ohlezi lapha nekhanda lakho libheke phansi, uthi, "Nkulunkulu, mangibe ngolandelayo." Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Kulungile. Qhubeka, izilonda zakho emathunjini sezihambile kuwe.

184 Uyakholwa ukuthi Ulapha na? Ngabe lowo nguKristu yonke indlela ngapha na? Ngabe lowoKristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Bangaki manje abaMemukelayo, futhi uthi, "Ngiyazi Ulapha"? Niyabo, anginazi nina bantu, ngumoya wenu owenza lokho, niyabo, uMoya oNgcwele ukhuluma kini.

185 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, asikhulekele bonke—bonke abantu phakathi lapha.

186 Ibikuphi ingane encane lapha ebikhala emizuzwini embalwa edlule na? Kulungile. Beka izandla zakho phezu komntwana. Kulungile.

187 Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa njengamanje, Nkosi, futhi makuthi uMoya waKho ungene kulesisakhiwo futhi uphulukise wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu.

Kulobubusuku Uzifakazisile Wena uqobo ukuthi unguNkulunkulu, UnguNkulunkulu izolo, uNkulunkulu namuhla, Awusuwo umlilo opendiwe noma uNkulunkulu womlando, UnguNkulunkulu obelokhu enguNkulunkulu njalo uyohlala unguNkulunkulu.

188 Futhi Baba, ngikhulekela ukuthi njengoba Uzibonakalisile Wena uqobo ngokusindisa izoni, nokuphulukisa abantu owayesendaweni lapho ababengenakuphulukiswa khona, khona-ke babona isimangaliso seNkosi uJesu, Nkulunkulu, yipha ukuthi ngamunye wabo bangaphulukiswa khona manje.

189 Sathane, phuma kulesisakhiwo futhi uphume lapha! Ngiyakuyala eGameni likaJesu Kristu, yekela lababantu bahambe!

190 Niyakwemukela ukuphulukiswa kwenu na? Phakamiselani izandla zenu kuYe, nithi, "Nkosi, ngiyakholwa, ngiyakholwa. Konke kuyenzeka, Nkosi, ngiyakholwa."

191 Kulungile. Uma ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke, nina bantu enikhothamise amakhanda enu emizuzwini embalwa edlule ukuMemukela njengoMsindisi, khothamisa ikhanda lakho futhi umzuzu nje, nonke, uma nizokhothamisa amakhanda enu umzuzwana nje manje.

192 Mfowethu Sweet, khona lapha kulomzuzwana, awubaholi ngani ngomkhuleko na? UNkulunkulu akubusise.

